# Hillcrest High School

IsiZulu 1st Additional Language

Ukuhlolwa KukaJuni 2016

Ibanga Leshumi Nanye (Grade 11)

Iphepha lokuqala (Paper I)

**Isikhathi:** 2 amahora **Umklomelo: 80**

**Qaphela:** Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuqala ukuphendula imibuzo.

Musa ukuxova imibuzo.

Phendula ngesiZulu esivumelekile.

Bhala ngobunono usebenzise ubhalomagama olusemthethweni.

**OKUHLE KODWA !!!**

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA
UMBUZO 1

1 **Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.**

SISEKHONA ISIDINGO SOMFANISWANO EZIKOLENI?
Umfaniswano indlela efanayo abafundi abagqoka ngayo uma beya ezikoleni. Abantu banemibuzo eminingi mayelana nokubaluleka komfaniswano ezikoleni kulesi sikhathi samanje. Inhloso yomfaniswano kwakungukuthi abafundi babukeke ngendlela efanayo ukuze nalabo abaphuma emakhaya ahluphekayo bangabonakali. Ngokuhamba kwesikhathi umfaniswano wagcina usubiza kakhulu. Izikole ezibizayo ziba nomfaniswano obizayo. Lokhu kuba ngumthwalo omkhulu kubazali ngoba bazithola sebebhekene nenkinga yokuthenga umfaniswano obizayo ongayisizi ngalutho ingane ekutheni iphase kahle.
UMnyango wezeMfundo nawo uyakweseka/uyahambisana nokugqokwa komfaniswano ezikoleni. Ucwaningo lukhomba ukuthi ukugqokwa komfaniswano ezikoleni kwenza ukuthi kube khona inhlonipho kubuye kusize nasekuletheni umoya wobunye ezinganeni zesikole. Ngabe uMnyango wezeMfundo uke wabheka yini ukuthi inhlonipho nomoya wobunye olethwa umfaniswano ubabiza imali engakanani abazali? Ngabe umfaniswano yiwona owenza izingane zihloniphe noma yindlela ezikhuliswe ngayo?

Okungacaci ngalolu cwaningo ukuthi lwenziwa ezikoleni zikaHulumeni noma ezikoleni ezizimele. Kunobufakazi bokuthi ezinye zezikole ezizimele aziwugqoki umfaniswano kodwa azinayo inkinga yezingane ezingahloniphi. Lezi zikole ziba nemiphumela emihle, nabafundi abanobunye nokuzethemba. Laba bafundi bayaphumelela empilweni noma bebengawugqoki umfaniswano. Nakuba abazali balezi zingane bengawuthengi umfaniswano kodwa nabo bakhokha imali eningi kakhulu ukuze izingane zabo zifunde kulezi zikole. Okusobala ukuthi kuya ngokuthi umzali ubona kuyisiphi isikole esifanele ingane yakhe, esiwugqokayo umfaniswano noma esingawugqoki.

Kulezi zinsuku inhloso yokugqokwa komfaniswano isishintshile, manje ususetshenziselwa ukuhlukanisa izikole ngokwamazinga azo. Lezo ezibizayo azigqoki umfaniswano ofanayo nalezo ezingabizi kakhulu. Ngisho nezindawo odayiswa/othengiswa kuzo azifani. Ngisho nendlela ogqokwa ngayo ayifani. Ngabe umfaniswano manje ususetshenziselwa ukubandlulula abafundi? Uma isikole sakho singekho ezingeni eliphakeme uthola ukuthi ushibhile nesitolo esiwudayisayo sisendaweni engaphephile kahle. Uma uyowuthenga ubamba ulayini omude ulinde ukusizwa. Uma isikole sithathwa njengesisezingeni eliphakeme umfaniswano waso uyabiza. Uthola ukuthi nesitolo esiwudayisayo siba sendaweni ephephile. Umthengi akabambi ulayini omude, uhlangatshezwa


emnyango athole usizo ngokushesha.

Uma isikole sisezingeni eliphezulu, umzali angazithola ekhokha imali ecishe ifike ezinkulungwaneni ezinhlanu zamarandi ethenga umfaniswano. Lapha kusuke kuthengwa izinto ezifana nezigqoko, amashethi, amabhulukwe, amajezi, izikhwama, amabhantshi, izicathulo, othayi nezimpahla zezemidlalo. Uma isikole sisezingeni eliphansi umzali angakhokha imali ephakathi kwamakhulu amahlanu kuya enkulungwaneni yamarandi. Iqiniso wukuthi noma ingabukeka incane leyo mali esuke ikhokhwe umzali, kuyena isuke inkulu ngoba ilingana nezinga lakhe lempilo.
Ukugqokwa komfaniswano ngabe kuyabasiza yini abafundi ekuphumeleleni kahle ezifundweni zabo? Kubukeka sengathi umfaniswano unika abazali nabafundi umthwalo ongenasidingo. Umzali onezingane eziningi uzithola ekhokha imali eningi ukuze izingane zakhe zikwazi ukubukeka njengezinye. Kuphinde kubeke nomthwalo emahlombe othisha okumele babheke ukuthi umfaniswano lo ugqokwe ngendlela efanele yini. Lokhu kunika othisha umsebenzi omningi.
Kwesinye isikhathi ukuqgokwa komfaniswano kuhlukumeza ilungelo labafundi lokufunda. Kwezinye izikole abafundi abavunyelwa ukungena uma bengagqokile ngendlela elindelekile. Abanye banombono wokuthi ukugqoka umfaniswano akubalungiseleli abafundi isimo abazobhekana naso uma sebefika ezikhungweni zemfundo ephakeme (tertiary institutions), lapho kungagqokwa khona umfaniswano. Kukhona ukuphikisana ngendaba yokugqokwa komfaniswano kodwa abantu abaningi bayavumelana nokugqokwa kwawo. Mhlawumbe lesi sekuyisikhathi sokuthi uHulumeni abhekisise isidingo sokugqokwa komfaniswano ezikoleni. Uma uHulumeni ebona kufanele uqgokwe umfaniswano mhlawumbe kumele abheke nesidingo sokusiza abafundi abaphuma emakhaya ahluphekayo.

1.1 Yini umfaniswano? (1)
1.2 Sazi kanjani ukuthi umfaniswano wenza abafundi bahloniphe? (1)
1.3 Ekuqaleni kwakuyini inhloso yomfaniswano? (1)
1.4 UHulumeni angabasiza kanjani abafundi abahluphekayo? (1)
1.5 Khetha impendulo efanele kubakaki: (Akuvumelekile, akubonakali kahle, akusebenzi) ukuthi ukugqoka umfaniswano kwenza abafundi baphumelele kahle. (1)
1.6 Endabeni engenhla caphuna umusho okhomba ukuthi umfaniswano awusasetshenziselwa inhloso owawuqalelwe yona. (2)
1.7 Uma ufunda esikoleni esiphansi ngokwezinga kuba nzima ukuyothenga umfaniswano. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI asendabeni. (4)
1.8 Ngokwale ndaba umfaniswano ubeka umthwalo ongenasidingo kubazali. Ngabe uyavumelana noma uyaphikisana nalo mbono? Sekeka impendulo yakho. (2)
1.9 Yinio wena oziqhenya ngayo emfaniswaneni wesikole ofunda kuso? (2)

1.10 Ngokucabanga kwakho isikole singakunqanda kanjani ukubhebhetheka kokugqokwa kwamabhulukwe amancane neziketi ezimfushane ngabafundi esikoleni. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (4)

Bukisisa lesi sithombe esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela




*Isizulu soqobo ibanga le-9*

1.2.1 Bazokwenzani laba bantu abasesithombeni esingenhla? (1)

1.2.2 Humusha lawa mazwi ngolimi lwesiZulu 'I have passed Grade 9' (2)

1.2.3 Khetha impendulo efanele kubakaki;

Lona ohlezi phansi ubuso bakhe bukhombisa;

(ukujabula, ukukhathazeka, ukunganaki)

1.2.4 Bhala izizathu EZIMBILI ezenza ukuthi abantu bangayitholi imisebenzi kalula. (2)

1.2.5 Ngabe sasinjani isimo sezulu ngesikhathi kuthathwa lesi sithombe. Sekela impendulo yakho. (2)

1.2.6 Yiziphi izilimi ezintathu ezisetshenziswe kulesi sithombe? (3)

AMAMAKI ESIQEPHU :30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

2 Fundisisa lesi siqeshana esingezansi esimayelana nokungazethembi bese usufingqa ngamagama akho angamaphuzu ayisikhombisa.

IMIYALELO:

- Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele. Amagama akho abe phakathi kwangama -50 kuya kwangama -60.
- Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela ku-1 kuya ku-7
- Bhala iphuzu elilodwa kumusho ngamunye.
- Sebenzisa amagama akho emshweni.
- Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile

Yehlukana Nokungazethembi

Kungenzeka ukuthi unengcindezi yokwenza izinto ezizojabulisa abanye abantu ngoba ufisa bekuthande kodwa lokho kungaba inking uma wena ungajabulile. URobin Lauren ongimelulekil eGoli uthi ukungazizwa kwakho kahle kudalwa ukuthi usuke unengcindezi yokujabulisa abanye abantu. Isibonelo: uma usufeyila izivivinyo zokushayela imotokuze kube kaningi ugcina usuzibona njengesahluleki. Uzibona sesengathi wena awuyinto yalutho futhi awusoze wafana nabanye abantu. ULauren uthi ukwehluleka kwenza wesabe ukuphinda uzame.

ULauren uthi ukwehluleka izinto esibhekana nazo nsuku zonke njengomzwangedwa, ukungazethembi, ukungaziboni ubhekephi empilweni nokungakwazi ukukhuluma kahle nabantu kukwenza ungazethembi okungagcina kukwenza ungaphumeleli. Lokhu kukwenza ungacabangi kahle, ugcina uhlala unokuzingabaza.

Esikhundleni sokuziba ukuthi unenkinga, uzame ukufihla kube sengathi konke kuhamba kahle kuzofanele ubhekane nenkinga ngqo. ULauren uthi yamukele ukuthi unenkinga bese ubhekana nayo ngendlela efanele. Thola ukwelulekwa ngodokotela bengqondo noma abeluleki ukuze uzothola ukwelapheka emoyeni nasengqondweni.

Uzizwa unokwesaba ngoba awuzethembi. Ukuzethemba ngeke kube lula uma utatazela futhi uzingabaza. ULauren uthi kufanele uzame, usiphoqe isimo noma singavumi. "Yisho into ezokuvuselela ukuzethemba kuwe njalo ekuseni, gqoka kahle ukuze uzozizwa kahle kusuka ngaphakathi kuye ngaphandle," kukhuthaza uLauren. Zisondeze nabantu abazokwenza uzizwe kahle ngawe, uma abantu bekuncoma kukwenza uthokoze. Konke lokhu kuyakugqugquzela ngaso sonke isikhathi.

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

3 Funda lesi sikhangiso bese uphendula imibuzo ezolandela.


# ITHEMBALABANTU CLOTHING

***ASESEFIKILE AMAKHAZA ASHUBISA UMKANTSHA.***

UMA UNGAPHUTHUMI ETHEMBALETHU NGEKE UBUJABULELE LOBU BUSIKA.

NAKHU ONGAKUZITHOLELELA KONA NGAMANANI APHANSI:

- ***IZINGUBO ZABAFANA NEZAMANTOMBAZANE***
- ***IZINGUBO ZABESIFAZANE NEZABESILISA***
- ***AMAJEZI AFUDUMALAYO***
- ***IZIGQOKO ZASEBUSIKA EZINHLE***
- ***NOKUNYE OKUNINGI***

***PHUTHUMA !!!!!***

**PHUTHUMA !!!!!**

**INDALI IQALA MHLA 7 -10 JUNI 2016**

**ETHEMBALABANTU SIDAYISA IZIMPAHLA EZINTSHA NANASEKENI AMAHLE.**

**Siyatholakala eWatercrest centre, Hillcrest corner, Pinecrest**

**0317665124 0317565214 0317015604**


3.1 Lesi sitolo esikhangiswe lapha sidayisa hlobo luni lwempahla? (1)

3.2 Indali yaseThemba labantu izothatha izinsuku ezingaki? (1)

3.3 Amagama athi,"phuthuma" asho ukuthini? Khetha impendulo kulezi ezilandelayo:

A indali isiphelile

B indali isiqalile

C Indali iyashesha ukuphela (1)

3.4 Isiphi isitolo esiseduze kumuntu ohlala ePinetown kulezi ezibaliwe? (1)

3.5 Bhala lesi simo sokukhuluma ngesiZulu esijwayelekile.


3.5.1 Amakhaza ashubisa umkantsha (2)

3.5.2 Izimpahla ezingamasekeni (2)

3.6 Tomula umusho onolimi olukhohlisayo kulesi sikhangiso. (2)

UMBUZO 4

4 Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.



Into eyenza umfana ohleli phambili avale izindlebe ingoba iBhanoyi libanga umusindo.

4.1 Yini eyenza umfana ohleli phambili avale izindlebe? (1)

lesi Sikole Sakhiwe edduze kwale uShaka

4.2 Sakhiw eeduze kwakuphi lesi sikole? (1)

Labafundi abasesithombeni bakhala ngomusindo.

4.3 Yisiphi isikhalazo salaba bafundi abasesithombeni? (2)

4.4 Uqonde ukuthini uthishanhloko uma ethi , "Asiyi ndawo lesi sikhumulo

sezindiza."? (2)

4.5 Bhala kube KUTHATHU okungaba nomphumela omubi kubafundi ngokwakhiwa kwalesi sikole kule ndawo? (3)

4.6 Iliphi ilungelo laba bafundi abephucwa lona? (1)

~~Bafu~~ Abafundi baphucwa ilungelo lokufundela endaweni ephephile futhi enokuthula.

[10]

UMBUZO 5

5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

Umcimbi we-Matric Dance ungeminye ebaluleke kakhulu kubafundi bebanga leshumi nambili. Phela basuke begubha ukuqeda iminyaka eyi-12 bengabantwana besikole. Basuke sebejahile bekujabulela nokuyofunda imfundo ephakeme, abanye basuke beyosebenza.

Ukulungiselela lo mcimbi ngenye yezinto ezithokozisa kakhulu abafundi Kanye nabazali. Phela lokhu kusuka ekuqaleni konyaka. Kubazali kuguga amaphakethe kubekwa imali yezingubo zikanokusho. Ngelanga lomcimbi kuyaye kube nomncintiswano walabo abasuke begqoke kahle kakhulu kunabanye. Akugcini lapho namahhotela aqashwayo yilawo amba eqolo, asetshenziswa ngomtakabani. Ezinye izikole zihlobisa amahholo azo kahle aze afane nalawo asuke eqashiwe ezindaweni zasemadolobheni.

Ngesonto elingaphambi kwalolu suku imiqondo yabafundi iyaye ithi ukuphuma kancane ezincwadini. Ingani phela kumele kuphothulwe amalungiselelo. Kulungiswa izinwele, kucelwe ophathini abazohamba nabo, Kanye nokunye okuqondene nalo mcimbi. Abanye abafundi bagcina sebekhohlwe ukuthi usuku olubalulekile yilolo okuphuma ngalo imiphumela. Ngalesisizathu ezinye izikole lomcimbi ziwenza ekuqaleni kaunyaka ukuze abafundi bangaphazamiseki.

5.1.1 Guqula igama elidwetshelwe emshweni olandelayo likhombe **indawo** bese uzakhela ngalo owakho umusho.

Ngifuna **impilo** enhle njengomalume. (2)

5.1.2 Bhala elinye igama elinomqondo ofanayo nelithi **'ukuphothula'** njengoba lisetshenzisiwe endabeni. (1)

5.1.3 Shono ukuthi le misho elandelayo iyisitatimende, umbuzo noma umyalelo.

a) Lungisani imiswenko kusanesikhathi bafundi. (1)

b) Abafundi badinga izimali ezishisiwe ukulungisela umcimbi kamatibuletsheni kanti abazali abanamali. (1)

5.1.4 Faka izijobelelo ezifanele kule zenzo ezidwetshelwe ukuze imisho izwakale kahle.

5.1.4.1 Abazali **bakhokha** izingane emcimbini. (1)

5.1.4.2 Othisha **babamba** nabazali ukuze yonke into iphumelele. (1)

5.1.5 Khetha impendulo efanele kubakaki.

Into emba eqolo (emnandi, ebizayo, ebuhlungu) (1)

5.1.6 Bhala isinciphiso segama elidwetshelwe bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona.

Ukulungisa izinwele kudla **imali** eningi. (2)

5.1.7 Guqula leli bizo elibhalwe ngokunzima likhombe ukwedelela.

***Imiqondo*** yabafundi iyaye iphume ekufundeni. (1)

5.1.8 Funda lo musho olandelayo bese ulungisa amaphutha.

Ngalesisizathu ezinye izikole lomcimbi ziwenza ekuqaleni kaunyaka ukuze abafundi bangaphazamiseki. (3)

5.1.9 Bhala igama eliphikisa leli elidwetshelwe:

Lolu suku **lulungiselelwa** kusuka ekuqaleni konyaka. (1)

5.1.10 Guqula lo musho olandelayo ube sebunyeni

Ezinye izikole zihlobisa amahholo azo. (5)

ISAMBA SESISONKE: 80